

INYUZILETHA YELUNGU

SECOND EDITION | OCTOBER 2022



Lungu Elithandekayo

Sesisondele ngokushesha ekupheleni kuka-2022 okusikhumbuzayo ngempela ukuthi isikhathi asiphindaphindi, asimiswa, futhi asilondolozwa. Okwethu ngukwenza okuhle kakhulu ngaso siqinisekise ukuthi amasu nemigomo esikhwama sempesheni i-MWPF iyafezwa ukuze kuzuze amalungu ethu kanye nababambiqhaza. Nokhoke amandla ethu amaningi asaqhubeka nokusetshenziswa ekwenzeni ngcono izinsizakalo ezilethwa yi-MWPF, siyakubonga ukuthi ngamalungu ethu uqobo kanye nababambiqhaza abaqhubeka nokusigqugquzela futhi asiqhubekisele phambili ukuze njalo sigcine senze kahle kakhulu khona sizoqeda unyaka sisemandleni, ngoba senze konke lokho thina njengabesikhwana se-MWPF besizibekele ukuthi sizokwenza kulo nyaka wezimali.

Siyazi ukuthi abanengi benu bebelokhu becela izitatimende zemihlomulo yabo zika-2021 kanti singaqinisekisa ukuthi nakuba kukhona ukubambezeleka okuncane ekuziqedeleni, njengamanje sisebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi izitatimende zemihlomulo zika-2021 ziyathunyelwa kuwe ngawo lo nyaka ka-2022.

Ngiyathokoza ukubika ukuthi sibe nombukiso emgwaqweni wemihlomulo yezicelo ezingafakwanga obe yimpumelelo enkulu eMpumalanga Koloni owenziwa kusukela ngomhlaka 29-Agasti 2022 kuze kube ngumhlaka-14 Septhemba 2022. Isikhwama i-MWPF sakwazi ukuthola abavukuzi asebayeka kanye nabahlomulayo abangu-271 kanti imihlomulo yezicelo ezingafakwanga yayingaba cisheamarandi ayizigidi ezingu-R30m. Lokhu kwakungeke kwenzeka ngaphandle kokubambisana nababambiqhaza abehlukahlukene abango-Medical Bureau for Occupational Diseases (MBOD), Compensation Commissioner (CCOD), Tshiamiso Trust, South African Miners Association (SAMA), Qhubeka Trust, IPC and SARS. Ngokufanayo, ngifisa ukutusa umsebenzi onzima wabasebenzi be-MWPF, abanikela ngaphezulu kwamasondo amabili bengekho emakhaya bephikelele ukulandelela abavukuzi asebayeka kanye nabahlomulayo abanemihlomulo yezicelo ezingafakwanga. Okunye ngemibukiso emgwaqweni wemihlomulo yezicelo ezingafakwanga ekhasini 3.

Kulo mbhalo wenyuziletha, sixoxa futhi ngokubaluleka kokugcwalisa ifomu lokuqoka, amapulatifomu e-MWPF ezinkundla zokuxhumana, ukukhwebanisa okwenzeka uma ubhenka nge-inthanethi kanye nomthelela wesiteleka sasemsebenzini esingamenyezewelwanga njengesisemthethweni, imali oyitholayo yesikhwama somhlalaphansi.

Ngiyethemba ukuthi lolu lwazi lulusizo.

Ngiyabonga
Frans Phakgadi
PO and Acting CEO

IZIMBUYEKEZO EZIBALULEKILE ZEMIKHIQIZO YE-MWPF



UMHLOMULO WOKUKHUBAZEKA OKWESIKHASHANA OKUPHELELE KWE-TTD

Ngomhlaka 01 Okthoba 2021, Isikhwama saqalisa Umhlomulo Wokukhubazeka Okwesikhashana Okuphelele (TTD) njengomhlomulo wobungozi omusha. Inhloso yomhlomulo kwakuwukuhlinzeka ngenani lemali engenayo nyanga zonke kumalungu e-MWPF akhubazekile ngokwesikhashana, kodwa engakhubazekile ngokonomphelo, ngenxa yezingozzi zasemsebenzini.

Kusukela ngomhlaka-30 Septhemba 2022, isikhwama i-MWPF sawuyekisa umhlomulo we-TTD, ngenxa yenani eliphansi lezicelo ezatholwa esikhathini esiyizinyanga ezingu-12 kusukela mhla wethuliwe lo mhlomulo kuze kube mhla zingu-30 Septhemba 2022, uma uqhathanisa nenani eliphezulu lephrimiyamu ekhokhwayo ehambisana nesikhwama i-MWPF ukuze sigcine umhlomulo ku-TTD.

Isikhwama siyozihlonipha zonke izicelo ezivumelekile ezitholiwe kuze kube umhlaka 30 Septhemba 2022 futhi amalungu asengalandela leyonqubo yokufaka izicelo efanayo.

Inqubomgomo ye-TTD ihlinzeka ngesikhathi esiyizinyanga eziyisi-6 sezaziso sokufaka isicelo, isikhwama i-MWPF sihlizeka ngokuncikene nezicelo zamacala ku-TTD ezingaba khona ezinyangeni eziyisi-6 ezilandelayo kusukela mhla-1 Okthoba 2022 kuze kube umhlaka-31 Mashi 2023.

Lolu shintsho kumhlomulo yobungozi aluwuphazamisi umhlomulo Wokukhubazeka Unomphelo Okuphelele (PTD). I-PTD isakhokha okungamaningi (multiple) oMholo woNyaka x3 kanti lo mhlomulo ukhokhwa njenge anyuwithi ehambisana nemithetho yentela esetshenziswayo, futhi ayisakhokhwa njengesamba semali esiphelele.

UKWENYUSWA KWEMIHLOMULO YOMNGCWABO

Isikhwama siyakujabulela ukukwazisa ukuthi kusukela ngomhlaka 1 ku-Okthoba 2022 imihlomulo yomngcwabo izonyuka njengetebhula elingezansi kanye nephrimiyamu eguquliwe ka R82.50 ilungu ngalinye ngenyanga (kusuka ku- R79.00):

Isigaba	Amanani Omhlomulo Edlule	Amanani Omhlomulo Anyusiwe
Ilungu	R40 000.00	R50 000.00
Oganene naye	R40 000.00	R50 000.00
Ingane eneminyaka ephakathi kuka 14 kuya ku-21 ubudala	R40 000.00	R50 000.00
Ingane eneminyaka ephakathi kuka 22 kuya ku-25 ubudala (abafundi besikhathi esigcwele)	R40 000.00	R50 000.00
Ingane eneminyaka ephakathi kuka 6 kuya ku-13 ubudala	R25 000.00	R31 250.00
Ingane enonyaka ophakathi kowodwa1 kuya kwengu-5 ubudala	R15 000.00	R18 750.00
Ozelwe engasekho noma kugcine ezinyangeni ezingu-12	R15 000.00	R18 750.00

EUma ungaba noma nayiphi imibuzo emayelana nezimbuyekezo zomkhiqizo uyacelwa uthinte inombolo 010 100 3001.

ABAVUKUZI ASEBAYEKA KANYE NABAHLOMULAYO BATHOLA LOKHO OKUFANELE KUBO

Isikhwama kanye namaThrastizi aso asemsebenzini wokwehlisa kakhulu inani lemihlomulo yezicelo ezingafakwanga ngakhoke bahlanganyela nababambiqhaza abehlukahlukene ukuqinisekisa ukuthi lenhloso iyaphumelela hhayi eNingizimu Afrika kuphela kodwa nesesifundeni se-SADC.

Ukuqalisa, Isikhwama sibe nombukiso emgwaqweni wemihlomulo yezicelo ezingafakwanga eMpumalanga Koloni owenziwa kusukela ngomhlaka 29-Agasti 2022 kuze kube ngomhlaka-14 Septhembha 2022. Umbukiso emgwaqweni wawuhlose ukuthola kanye nokukhokha amarandi angaphezulu kwezigidi ezingu-R300 wemihlomulo yezicelo ezingafakwanga kubavukuzi asebayeka kanye nabahlomulayo eMpumalanga Koloni. Isikhwama siyathokoza ukumemezela ukuthi ngabavukuzi asebayeka kanye nabahlomulayo abangu-271 abanemihlomulo yezicelo ezingafakwanga ezifinyelela cishe ezigidini ezingu-R30 abatholakala. Sijabule kakhulu ukuxoxa enye yezindaba ezikhombisa impumelelo yombukiso osemgwaqweni.

Umfelokazi wase-Matatiyele: Enye yezindaba ezikhombisa impumelelo yileyo yomfelokazi, njengamanje osebenza njengeklina eThekwini,

wabizwa ngu-MWPF ngosuku lokuqala lombukiso osemgwaqweni mhlaka-29 Agasti 2022. Umyeni wakhe washona ngo-2005, kodwake wayengazi ukuthi angafaka isicelo noma ukuthi wayengathola izimali zokushona Esikhwameni se-MWPF njengoba umnyeni wakhe wayesebenzela u-President Steyn ngesikhathi sokushona kwakhe. Waxoxa ukuthi impilo ibinzima kanjani njengoba kwakumele anakekele izingane zabo ezine, ngaphandle kolunye usizo lwezimali ngale kweholo ayelithola emsebenzini wakhe wokuklina. Manje usezokwazi ukuqedela indlu yakhe ngezimali azozithola, futhi impilo izoshintsha nakanjani ibe ngcono.

Lona ngoyedwa nje kubahlomuli abaningi abasixoxela izindaba zabo kanti lesi singezinye zezizathu zokuthi kungani i-MWPF iqhubeke nokufuna abavukuzi asebayeka kanye nabahlomulayo.

Ngengamalungu, sicela ukuthi wenze okwakho ngokuqinisekisa ukuthi ifomu lakho lokuqoka (kuzochazwa endabeni elandelayo) ligcwalisiwe noma libuyekeziwe minyaka yonke ukuze uphephisa othandiweyo wakho ekuxakekeni okuhambisana nokulibala kokukhokhwa kwemihlomulo.



UKUBALULEKA KOKUGCWALISWA KWAMAFOMU LOKUQOKA

Occupation: _____ Are you a retiree? Yes No

Personal Details

Name of Beneficiary: _____

Bank Account: (or ID number for confirmation only) _____

Name and Address of beneficiary's bank: _____

Employee: <input type="radio"/> Yes <input type="radio"/> No	Spouse: <input type="radio"/> Yes <input type="radio"/> No	Children: <input type="radio"/> Yes <input type="radio"/> No
Plan Choice: _____	Plan Choice: _____	Plan Choice: _____

PLAN A PLAN B JOIN NOW!

Njengomsebenzi noma njengelungu elikhavwe yisikhwama ngaphansi kwepholisi yeqembu yobungozi, ngesikhathi ushona, ukukhokhwa komhlomulo wokufa kwenziwela lowo mhlomuli omqokile ngendlela eyodwa kulezi ezilandelayo:

- Ngaphansi kwemithetho yesikhwama (uma ngabe kuwumhlomulo /ogunyaziwe yisikhwama).
- Ngaphansi kwefomu elivumelekile Lokuqokwa Kwabahlomuli (uma ngabe kuyimihlomulo engagunyaziwe).

Umthetho Womshuwalense. No. 18 ka-2017 (Umthetho) uchaza "umhlomuli". Umthetho udinga ukuthi imihlomulo yepolisi yeqembu engagunyaziwe (isb., ukuphila kweqembu kanye nemihlomulo yomngcwabo ehlinzekiwe ngaphansi kohlelo lomshuwalense weqembu owehlukile) ukhokhela umhlomuli" kuphela.

Ngenxa yokuchazwa "komhlomuli", umhlomulo weqembu wobungozi ungakhokhwa kuphela elungwini lenhlangano noma lesikhwama, umsebenzi, noma umuntu oqokwe yilungu/umsebenzi.

Ngakhoke, isizathu ezindala zalemihlomulo yokuthi ikhokhwe ngaphansi kwezifiso zanoma yimuphi omunye (isb. umqashi noma ikomiti elisebenzisa ukuzicabangela ekukhombeni abahlomuli bemihlomulo kumshuwalense weqembu wobungozi uma kwenzeka ushona) azisasebenzi. Lokhu kusho ukuthi ukukhokhwa kwemihlomulo engagunyaziwe sekuzokhokhwa kuphela ngaphansi Kwefomu Lokuqoka Umhlomuli elivumelekile okuthe wena njengelungu, waligcwalisa. Uma ungaligcwalisanga Ifomu Lokuqoka Umhlomuli ungakashoni, umhlomulo weqembu wobungozi (i.e. amanani esicelo) siyofakwa emafeni akho okushona, okwenza kube khona ukulibaziseka kwenkokhelo eya kunoma yibaphi abancikile abafanele abahlonzwe ngesikhathi sokwabiwa kwamafa akho.

Kungani amalungu ekhuthazwa ukuthi agcine amafomu awo okuqoka umhlomuli ebuyekeziwe?

Ngaphansi kwesigaba-37C Somthetho Wesikhwama Sempesheni, Amathrastizi alindelekile ukuthi aphenye zonke izimo ezizokwenza kuphume isinqumo esiphusile sokuthi imihlomulo yokushona kwamalungu yabiwa kanjani kwabancikile kanye nabaqokiwe ngokucabangela ukuncika kwabo ngokwezimali elungwini kanye nokunye okufanele kucatshangwe.

Kubalulekile ukuthi abasebenzi bagcwalise ifomu lokuqoka noma lomhlomuli elimayelana nemihlomulo yokushona engagunyaziwe kanye ikakhulukazi imihlomulo yokungcwaba. La mafomu kumele ahlale emnyangweni kandabazabantu (HR) wasenkampanini bese enikeza abomshuwalense ngesikhathi umsebenzi eseshonile. Abasebenzi bayakhuthazwa ukuthi babuyekeze amafomu abo okuqoka ngezikhathi zezimo zokuphila ezisemqoka, ezifana nemishado, ukudivosa, ukuzalwa komntwana, noma ukushona kohlomulayo etc.



YAZI UKUTHI AHLONZWA KANJANI AMA-AKHAWUNTI ESEZINKUNDLENI ZOKUXHUMA AKWA-MWPF

Siyaqonda ngokushintsha njalo kwezidingo zokuxhumana kanye nokubaluleka kokuhlala uhambisana nesikhathi. Ngalokhoke, i-MWPF inamapulatifomu ahlukahlukene adijithali okuxhumana etholakala kuwo lapho wena njengelungu, ungahlala uxhumene nathi. Lawa ahlanganisa iwebhusayithi ku-inthanethi Yesikhwama, imeyili, ufeysi bhuku, i-instagramu, u-Linkendini ne whatsappu.

Nomake la mapulatifomu ekuvumela ukuthi sixhumane masinyane futhi kalula, eza nezinkinga zawo eziwafanele, ezifana nama-akhawunti mbumbulu akhiwa ngabakhohlisi abafuna ukukhohlisa amalungu kanye nabasebenzi ukuze bangakwazi ukubona umehluko phakathi kwe-akhawunti okuyiyo ne-akhawunti mbumbulu. Kubalulekile ukwazi ukuthi ahlukane kanjani ama-akhawunti mbumbulu nakulawo aqinisekile e-MWPF ezinkundleni zokuxhumana.

Lapha ngezansi kukhona amakheli asemthethweni e-MWPF, nesigcawu sewebhusayithi kanye nezibambo zezinkundla zokuxhumana:



www.mwpf.co.za



clientservices@mineworkers.co.za



[mineworkers_pf](https://www.facebook.com/mineworkers_pf)



[mineworkers_pf](https://www.instagram.com/mineworkers_pf)




[Mineworkers Provident Fund](https://www.linkedin.com/company/mineworkers-provident-fund)



071 881 6515

Noma iyiphi enye i-akhawunti esebenza ngaphansi kwezibambo ezahlukene kodwa ithi ihlobene ne-MWPF, yenza lokho ngaphansi kokuzenzisa kwamanga, futhi kufanele kugwenywe. Njengomthetho ojwayelekile, ungalokothi unikeze imininingwane yesiqu sakho, okufana nemininingwane yasebhange kunoma iyiphi i-akhawunti yenkundla yokuxhumana. I-MWPF iyokubuza kuphela inombholo yakho yasemsebenzini khona izoqopha noma iphenye isikhalazo. I-MWPF ngeke ilokothe ikubuze imininingwane yakho yasebhange ngaphandle uma kusesikhathini sokukukhokhela isicelo.



UBUGEBENGU OBUSEKUBHENKENI NGE-INTHANETHI

Amakhasimende amaningi asemabhange asebenzisa izinsiza zokubhenka ngekhompiyutha okufana nokubhenka nge-inthanethi kodwa njenganoma iyiphi inhlobo yezinziza zasemabhange, nazo zisengozini yokuba sobala lwenkohliso. Ukubhenka nge-inthanethi kuhlanganisa ama-aphu okubhenka kanye nokubhenka ngomakhalekhukhwini.

Njengesikhwama, ngeke sikwazi ukugcizelela okungaphezulu kwalokhu ukubaluleka kokuhlala uqaphile ngesikhathi ufaka isicelo semihlomulo yakho ku-MWPF nangesikhathi usebenzisa izinsiza ezinjengalezi ukuze uthole imihlomulo yakho.

NANKA AMAYE AMATHIPHU ONGAWALANDELA UMA UBHENKA NGE-INTHANETHI:

- Buyekeza izitatimende futhi ubale amanani kuma-akhawunti njalo;
- Shintsha iphasiwedi yesikhashana ibe iphasiwedi ozikhethele yona eyaziwa nguwe kuphela;
- Ungayisebenzisi inzisa yebhrawuza uma ugcina amaphasiwedi, okungenani thayipha amaphasiwedi njalo uma ungena ku-akhawunti;
- Thayipha ikheli le-inthanethi yasebhange ngesikhathi ungena ku-akhawunti yakho, ungayisebenzisi ilinki;
- Ungayisebenzisi izindawo ezinamakhompiyutha okufinyelela kuzona ngokuvamisile amalungu omphakathi, isibonelo ama-inthanethi kheyifu;
- Ungayishiyi ikhompiyutha yakho ingenamuntu ngesikhathi usungenile kuma-akhawunti yakho nge-inthanethi futhi uqinisekise ukuthi uyaphuma ngesikhathi usuqedile ukusebenzisa inthanethi ubhenka;
- Phatha ama-emeyili, ama-SMS noma izingcingo ozitholayo ngokucophelela futhi wazi ukuthi ngeke kube yi-MWPF noma ibhange lakho elingakucela ukuthi udalule noma yikuphi okuyi-akhawunti yakho siqu noma imininingwane yokukuphephisa (okufana ne-PIN iphasiwedi, njll.) ngencwadi, nge-imeyili, nge-SMS noma ngokukushayela ucingo.

Sicela ukubike konke okwenzekayo okunesimo senkohliso kanye nezenzo ezisolisayo esikhungweni sosizo ngezingcingo se-MWPF kunombolo-010 100 3001.



IMIPHUMELA YESITELEKA ESINGEKHO **EMTHETHWENI** EMALINI OYITHOLAYO ESIKHWAMENI SOMHLALAPHANSI

Iziteleka eNingizimu Afrika ziyizehlo ezijwayelekileyo. Okunye okungumphumela wesiteleka okungase kuthinte abasebenzi yisikhwama sabo somhlalaphansi.

Ezitelekeni esingekho emthethweni ikakhulukazi, abasebenzi kungenzeka bangayitholi imihlolo yabo. Imiphumela yalokhu ukuthi ungabibikho umnikelo okhokhelwa isikhwama sabasebenzi sempesheni futhi abaqashi ikakhulukazi banikelela kuphela ingxenye yobungozi (ukufa, ukukhubazeka kanye nomngcwabo). Lokhu ngakhoke kusho ukuthi ngesikhathi sesiteleka, isikhwana somhlalaphansi esifana ne-MWPF kungenzeka ukuthi asitholi mnikelo wesikhwama somhlalaphansi.

Abasebenzi kumele bachazelwe ukuthi uma kuqhamuka isiteleka, umholo ongakhokhiwe uba nomthelela eminikelweni yisikhwama sempesheni beseke, imali etholwa yilungu esikhwameni ngeke ikhule nginga elilindelwe yilungu. Ngakhoke, ngesikhathi ilungu lithola isitatimende semihlomulo yalo, ukungabi khona komnikelo esikhwameni somhlalaphansi ngesikhathi sesiteleka kuyovela kunjalo.



UNGASITHINTA KANJENA

Sinemigudu eyahlukahlukene yokuqinisekisa ukuthi uthola usizo oludingayo.
Ungasithinta kunoma yimiphi yale migudu elandelayo:



010 100 3001



086 661 9532



www.mwpcf.co.za



clientservices@mineworkers.co.za



[mineworks_pf](https://www.facebook.com/mineworks_pf)



[mineworkers_pf](https://www.instagram.com/mineworkers_pf)



[mineworker_pf](https://www.linkedin.com/company/mineworker_pf)



071 881 6515